



ezokuthutha

UmNyango:
WezokuThutha
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI



MNUZ. T.M. KAUNDA

UNgqongqoshe
wezokuThutha, ukuPhepha
nokuXhumanisa uMphakathi
KwaZulu-Natal



community safety & liaison

Department:
Community Safety and Liaison
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

Isabelo mali esizosheshisa ugquku kwezenhlalo-mnotho



UMnu Mxolisi Kaunda uthi uzoqinisekisa ukuthi izinhlelo zoMnyango wakhe zenziwa ngendlela ethuthukisa ezomnotho kwizakhamizi zesifundazwe..

Isithombe: Thami Mkhulisa

“Ezokuphepha Emgwaqweni Kungumsebenzi Wethu Sonke.”

Amazwibela eSabelo-mali

Amasu amahlanu azosebenza kule minyaka emithathu:

- Ukuqhuba uhlelo lwezinguquko kwihlalo-mnotho kwezokuthutha;
- Ukwenza ngcono ukusebenza kukahulumeni nokuthuthukiswa kwamakhono okuyindlela yokwenza umnyango usebenze ngendlela efanele, ukwazi nokuthola ucwaningo lwamabhuku olungenachashazi;
- Ukuqinisekisa ukunikezelwa kwemigwaqo nengqalasizinda yezokuthutha kanye nezidingo ezisebenza ngokwezihlelo ezisequlwini;
- Ukufaka imiphakathi kanye nababambe iqhaza kwezokuthutha babe ngamalungu abhekelele ukusebenza kwezinhlelo zomnyango;
- Ukusungulwa kwendlela yokulawulwa kwezimoto esebenza ngendlela kanye nesimo esiphophile somgwaqo ukuze sinciphise izingozi nokufa kwabantu emigwaqeni yesifundazwe.

Umyango uzophinde:

- Ukutshala u-R7.2 billion noma u73% wenani layo u-R9.96 billion isabelomali ekwandiseni futhi nokugcinwa kwemigwaqo kanye nengqalasizinda yokuthutha namasevisi kwizakhamuzi ikakhulukazi kwizindawo zasemakhaya ezingakathuthuki nasemiphakathini yasemadolobheni.
- Kukhuliswe ukubamba iqhaza kwezinkampani zama-Afrika ekusebenziseni uxhaso kwezokuthutha umphakathi, lapho okwamanje bazuzo okungaphansi kuka-R158 million.
- Ukugquzuzela uxolo, uzinzo nokukhula kwemboni yamatekisi, ukuze abanikazi bakhule bakwazi ukubamba iqhaza kuyo yonke imikhakha kusukela lapho kugcinwa khona izimoto, ukudayiswa nokunakekelwa kanjalo nokwakhiwa kwezingxenywe ezifana namathayi, izinto zikagesi wezimoto, nokuzibandakanya kwibhizinisi likawoyela.
- Ukugquzuzela ukuqaliswa nokwesekwa kwezinkampani zomnotho ezisemiphakathi, imifelandawonye, kanye namabhizinisi amancane ukuba abe ingxenywe kuzo zonke izinkontileka ezihlinzeka ngempahla nezidingo zabantu bese bephenduka babe izinhlelo eziphethwe imiphakathi.

Ezokuphepha emgwaqeni ziya kubantu bonke



Amalungu esiGungu sikaHulumeni wesifundazwe uMnu Mxolisi Kaunda (ophambili), uNkk Nomusa Dube-Ncube noDkt Sibongiseni Dhlomo bathathwe beqhuba umkhankaso wokuphepha emgwaqeni ngokubambisana noMasipala weTheku. / ZINGISA HLATHI

Siyathemba ukuthi ukuzibophezela kobuholi kusuka kuNdunankulu kuya kubaphathiswa, izimeya nemikhakha yonke yomphakathi kuzothela izithelo

Sibongiseni Thabethe

Kulindlelelele ukuba uthathe elinye igiya umkhankaso wokuphepha emgwaqeni KwaZulu-Natal kulo nyaka wezimali ka-2017/18. Lokhu kulandela ukuzibophezela okwenziwe uMphathiswa wezokuThutha

uMnu Mxolisi Kaunda ukuthi ukuqhutshwa kwalo mkhankaso sekuzokwenziwa ngokubandakanya izinhlelo zonke zemikhakha ehlukeni.

Ekhuluma ngenkathi ethula isabelo-mali soMnyango wezokuThutha, uKaunda uthethe kubalulekile ukuthi umphakathi waseNingizimu Afrika uqonde ukuthi ukuphepha emgwaqeni kungusebenzi wethu sonke.

Uthe isifundazwe sisapholisa amanxeba kulandela izingozi zomgwaqo eziningi ezenzeke ngesikhathi samaholide ePhasika lapho kudlule imiphefumulo emihlanu ezingozini ezimbili ezibandakanya ibhasi nenye ebandakanya amatekisi eKranskop naseMzumbane.

“Sekuyisikhathi sokuba siqinise onembeza kubantu bakithi kwezokuphepha emgwaqeni, kusho uKaunda.

“Ukuze sibe nemigwaqo ephiphile, sidinga imikhankaso eqinile ebandakanya izinhlelo zokugcinwa komthetho ezididiyele kanye nokufundisa. Kodwa esikudinga kakhulu ngokuthi zonke izinhlelo ezithintekayo zibe nothando nokuzimisela, kusuka kwabezokuthutha umphakathi kuya kubashayeli ngamunye kanye nabahamba ngezinyawo.”

Umkhankaso kaValingozi uzoqiniswa kakhulu lapho sizokwenza izimvimbamgwaqo, ukubonakala kwamaphoyisa ubusuku nemini kanye nemikhankaso yokuqwashisa,”

kuchaza yena.

Uthe izibalo zikazwelonke ngamaholide kaKhisimusi odlule akhombisa ukuthi intsha iyona eyizisulu kakhulu. Zikhombisa futhi ukuthi ukuziphatha kabi kwabasebenzisi bomgwaqo yikhona okuyinselelo enkulu.

“Sidinga ukuphendula ngokushesha kulokhu, sisebenzisane nomasipala nazo zoyo yonke eminye imikhakha.

“Njengobuholi bukahulumeni wesifundazwe sesiqalile ukuba sekhaleni lemikhankaso lapho uNdunankulu nabaphathiswa beqhuba imikhankaso ezifundeni abangoshampeni kuzona,” kusho uKaunda.

UKaunda uti uyajabula ngozinzo embonini yamatekisi

Akhona Dlamini

Ukugcina uzinzo nokukhula kwemboni yamatekisi kusemqoka kakhulu ekwakheni iKwaZulu-Natal enokuthutha. Kodwa futhi okubaluleke kakhulu ngokuba abanikazi bemboni bakhule basabalale namabhizinisi emkhakheni wokuthutha. Lona ngumbono Mphathiswa uMnu Mxolisi Kaunda othe lokhu ngokunye kwezinto azozibeka phambili kule minyaka emithathu ezayo.

Uthe yize kusekhona abasaphuma endleleni lapha nalaphaya, kodwa abantu abaningi kule mboni sebefunde ukuxoxisana uma benezinkinga esikhundleni sokusebenzisa udlame.

Enkulumweni yesabelo-mali, uKaunda uveze ukuthi kweminye imizamo yokuqinisekisa uzinzo embonini uMnyango uyaqhubeka nokusabalalisa amahhovisi okukhipha izimvume zokuthutha umphakathi.

“Ngonyaka odlule ngifike kulo Mnyango ngavula ngokomthetho ihhovisi lasePort Shepstone, kanti vele sekwavulwa amanye



UMnu Mxolisi Kaunda wavula ngokomthetho amahhovisi amalayisensi okuthutha umphakathi ngonyaka odlule. / ZINGISA HLATHI

eMpangeni naseMnambithi. Maduze nje sizovula elaKwaMhlabuyalingana.

“Siyaqhubeka futhi nohlelo lokubambisana nomasipala odabeni lokuphepha emarenki. Kulokhu siyazi ukuthi kuyenzeka kube khona abanemibono ehlukeni mayelana nohlelo lokuqasha abazozinisekisa ukuphepha erenki, kodwa ekugcineni sonke siyavumelana ngokuthi kumele ziqiniseke ezokuphepha emarenki,” kusho uKaunda. Uhlumeni lapha waqhamuka nohlelo lokuthi kufakwe abaqaphi abaqashwe


nguhulumeni, ama-boom gate kanye nobuchwepheshe bamakamera emarenki.

“Asifisi ukubona sesiphopheleka ukuthi sivale amarenki ngenxa yezingxabano phakathi kososeshini. Siyazi ukuthi lokho kugcina kuthinta abantu abaningi, okungabagibeli, abashayeli, osomabhizinisi abasebenzela emarenki, amalungu omphakathi kanye nabo abanikazi bezithuthi uqobo,” kusho uKaunda.

Uthe uyajabula futhi ukuthi uMnyango wakhe wavumelana nemboni yamatekisi, ngokubeka

isinqumo sokunqabela ukukhishwa kwamalayisensi amasha. Uthe lokhu kwenziwa ngendlela eqashelwe ngelokhozi njengoba kuhlose ukuxazulula lezo zingqinamba ekade zabakhona mayelana nokukhishwa kwamalayisensi okuthutha umphakathi.

Sifuna ukubona osomabhizinisi bemboni bekhula bengena kweminye imikhakha kwezokuthutha.



- UHLELO 1: Ezokuphatha R335 million
- UHLELO 2: Ingqalasizinda yokuthutha R7.2 billion
- UHLELO 3: Ukusebenza kwezokuthutha R1.4 billion
- UHLELO 4: Ukulawulwa kwezokuThutha R861 million
- UHLELO 5: Izinhlelo zokuzisa umphakathi R35 million

“Ezokuphepha Emgwaqweni Kungumsebenzi Wethu Sonke.”

UKaunda usemgwaqeni oqondile woguquko kwezomnotho

UMnyango uzokwakha ihhovisi lomqondisi elibhekene nezinhlelo zabantu abasha ukuze kugququzelwe imisebenzi yokufukula intsha emikhakheni yezokuthutha esifundazweni

Sibongiseni Thabethe

UMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda usehlonze isabelo-mali sika-R9.96 billion sonyaka ka-2017/18 njengesizophuthumisa uguquko kwezomnotho.

Ekhuluma ngemuva kokwethula izabelo-mali zeminyango yakhe esiShayamthetho sesifundazwe eMgungundlovu, uKaunda uthe uguquko kwezomnotho yilona oselungumongo wezinhlelo zomnyango ezizokwenziwa kuyo yonke imikhakha yezokuthutha.

Uthe uguquko olusheshayo kwezomnotho luzongena kuzo zonke izinhlelo zomnyango ukuze kwande ukhulomula kwezakhamizi kwinkululeko nentando yeningi ngokuhambisana nemigomo yeqembu elibusayo i-African National Congress.



UMphathiswa uMxolisi Kaunda uthathe isikhathi ehlola isimo sezinzisa kusebenza emaphoyiseni omgwaqo eMkhondeni ngaphambi kokwethula isabelo-mali esiShayamthetho eMgungundlovu.

Isithombe: Nosipho Nxasane

Zonke izinhlelo zizokwenziwa ngokohlelo olusha olwaziwa nge-GULA. Igama iGULA limele ukuthi "Inclusive Growth, Unity and Economic Liberation of Africans" ikhululakazi kubhekiswe kwabamnyama jikelele.

"Uguquko kwezomnotho luzohlenganisa nezinguquko uma kuthengwa ukuze kufukulwe

izinhlelo njengentsha ngo-35%, abesifazane ngo-30%, omakadebona bamasosha ngo-10% nabaphila nokukhubazeka ngo-5%, okuhambisana nesinqumo sesiGungu sesiFundazwe," kusho uKaunda.

UMnyango uzokwakha ihhovisi lomqondisi elibhekene nezinhlelo zabantu abasha ukuze

kugququzelwe imisebenzi yokufukula intsha.

Ngaphezu kwalokho, uKaunda uthe uMnyango uzoqinisekisa ukuthi zonke izinkontileka zemisebenzi zifaka u-30% wezinkontileka zendawo ukuze kusizakale imiphakathi lapho kuqhubeka khona umsebenzi kanye nezinye izinto okuhlinzekwa ngazo.

"Sizophuthumisa ukuthuthukiswa kosonkontileka abasafufusa, osomabhizinisi abancane kanye nemifelandawonye ukuze bonke babambe iqhaza esigabeni esiphezulu emnothweni, basizakale nasekudalweni kwamathuba emisebenzi, kuyo yonke imikhakha yezokuthutha," kusho uKaunda.

Ezokuthutha ziyisisekelo sokuthuthuka komnotho wesifundazwe

Nonhlanhla Ndwandwe

UMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal awuguquki embonweni wawo wokuthi ingqalasizinda yomgwaqo iwumogodla wokuthuthukiswa kwentlalo-mnotho yezakhamizi zesifundazwe.

Ethula isabelo-mali esiShayamthetho uMphathiswa uMnu Mxolisi Kaunda, uthe uMnyango wakhe uyaqhubeka nokutshala umthamo omuningi wesabelo-mali ekwakheni ingqalasizinda entsha nokugcina leyo ekhona isesimweni.

"Ngaleyo ndlela imali engu-R7.2 billion noma u-73% ku-R9.96 billion owabelwe uMnyango izosetshenziswa ezinhlelweni zengqalasizinda yokuthutha. Imali engu-R3.4 billion ibhekene nokugcina imigwaqo isesimweni, engu-R1.2 billion yabelwe ukuvuselela imigwaqo yetiyela esigugile, bese kuthi engu-R2.1 billion ibhekane nokwakha ama-project amasha emigwaqo namabhuloho," kusho uKaunda. Ingamakhilomitha angu-215 imigwaqo yobhuqu ezokwakhiwa

kulo nyaka wezimali, kanti izobe isingamakhilomitha angu-615 ngonyaka wezimali ka-2019/20. Kuwona futhi lonyaka ka-2017/18 kuzokwakhiwa amabhuloho ezinyawo angu-13 nawezimoto ayisikhombisa, kanti azobe esengu-60 ngonyaka ka-2019/20.

"Sizophinda, ngesikhathi esifanayo, sakhe imigwaqo yetiyela exhumanisa kakhulukazi imiphakathi yasemakhaya nemizila emikhulu. "Okunye okusithokozisa kakhulu ngalezi zinhlelo zemigwaqo namabhuloho ngokuthi imiphakathi

yendawo nayo iyahlomula ngamathuba emisebenzi nokuthuthukiswa kwamakhono, kuphinde kuthuthukiswe nosonkontileka abancane kanye nosomabhizinisi emiphakathini," kusho uKaunda.

Ngokufanayo, ngokusho kukaKaunda, umnyango wezokuthutha kuzwelonke ngohlaka lweSouth African National Roads Agency Limited (SANRAL) uyaqhubeka nemisebenzi esifundazweni lapho itshale imali ebalelwa ku-R21.6 billion.



Umngeni Interchange eThekwini uyingxenywe yokuthuthukiswa komnotho esifundazweni

Kukhuthazwa ukusabalala embonini yokuthutha umphakathi

Mabuyi Mkarry

UMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu uMxolisi Kaunda uthe omunye wemisebenzi ebalulekile abhekene nayo kulo nyaka wezimali ngokuqinisa izinhlelo zokuthi osomabhizinisi abathutha umphakathi bangene basabalale emikhakheni ehlukeni kwezomnotho.

Uthi lokhu kuhambisana nomgomo asebenzela phezu kwawo wokuphuthumisa uguquko kwezomnotho, iRadical Economic Transformation, olubhekene nokulekelela kakhulu ababencishwe amathuba phambilini.

UMnu Bonginkosi Gumede, ongomsebenzi embonini yamabhasi endaweni yaseRichards



UMnu Bonginkosi Gumede nomkakhe uNkk Florence Gumede abangabanikazi benkampani yamabhasi iTrans Tugela ethutha abafundi ngoxhaso eluthola eMnyangweni wezokuThutha / Isithombe: Zingisa Hlathi

Bay yena vele useyayixoxa indaba ethokozisayo ngeqhaza elibanjwe nguMnyango wezokuThutha KwaZulu Natal ukuqinisekisa ukuthi uyathuthuka kule mboni.

UGumede owaqala ebhizinisini lamatekisi manje ungumnikazi wenkampani yamabhasi iTrans Tugela Bus ethola uxhaso lwemali kuhulumeni ngokuthutha abafundi,

iScholar Transport, endaweni yaKwaBiyela eMelmoth.

Njengamanje imboni yamabhasi bekuseyiyo ebonakala inamathuba okuba kukhuliswe osomabhizinisi bemboni yamatekisi

"Ngiyamncoma uMphathiswa wezokuThutha (uMnu Kaunda) ngalolu hlelo lwakhe lwe-transformation njengoba lusifukula thina bantu abansundu," kubeka uGumede.

UMphathiswa uthe ngaphandle kokusebenza ngamakhumbi nje, abantu kumele babheke imikhakha enjengama-warehouse, ukudayisa izimoto nama-workshop okulungisa izimoto.

"Abanikazi bezithuthi bangaba nezindawo zabo zokulungisa amathayi nokunye okuningi okudingeka ekugcineni imoto isesimweni.

"Kukhona nokunye okunganakiwe njengomnotho wasemanzini njengoba isifundazwe iKwaZulu-Natal sinamachweba amakhulu eThekwini naseRichards Bay lapho kungena futhi kuphume impahla ngemikhumbi.

"Njengamanje imboni yamabhasi bekuseyiyo ebonakala inamathuba okuba kukhuliswe osomabhizinisi bemboni yamatekisi. Sifisa ukugcizelela ukuthi kusemqoka ukubambisana kulolu hlelo ngendlela ezobhekela ukwabelana kahle ngomsebenzi phakathi kwamatekisi namabhasi," kuphetha uKaunda.

"Ezokuphepha Emgwaqweni Kungumsebenzi Wethu Sonke."

Kuzofukulwa abasebenzi bezinkampani ezihlinzeka uMnyango babe osomabhizinisi

Sthembile Luthuli

Isabelo-mali soMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi sesihlonzwe njengesakha ukuxhumana phakathi kokuphepha nokuletha uguquko olusheshayo kwezomnotho emiphakathini yaKwaZulu-Natal. UMphathiswa walo Mnyango uMnu Mxolisi Kaunda wethule isabelo-mali sika-R210 million sonyaka ka-2017/18, wathi inhloso yaso enkulu ngokulekelela ukuba izimo zivumele ukuthuthuka kwezomnotho kwizakhamizi zaKwaZulu-Natal. Uthe iKwaZulu-Natal njengesifundazwe iyaqhubeka nokubhekana nokuthuthukiswa kwezomnotho kanti ngakolunye uhlangothi nezibalo zabantu bakhona zilokhu zikhule njalo. "Manje uMnyango usuhlele ukuthi ugququzele abasebenzi bezinkampani ezihlinzeka ngemisebenzi lapho uzobasiza ngokusungula imifelandawonye ezonikwa imisebenzi uma kuphela izinkontileka ezisebenzayo okwamanje. "Inhloso ngokubanika uqeqesho kuze kube bayakwazi ukuzimela baqhuba amabhizinisi okungawabo. UMnyango uzobheka kulezo zinkampani eziphethwe ngabantu abamnyama ukuze kuqinisekise uguquko olusheshayo kwezomnotho. Sifuna ukugxila kwimifelandawonye ukuze sifukule abantu abayiqeqebana ngesikhathi esisodwa, hhayi umuntu oyedwa," kusho uKaunda. Uqhube wathi lolu hlelo luzobhekana kakhulu nosomabhizinisi abasafufusa emalokishini nasezindaweni zasemakhaya noma ezisasele emuva ngenzuthuko. Uthe indlela yokuhlela izibalo zabazohlomula izoba ngabesifazane abangu-30%, abantu abasha abangu-10%, abaphila nokukhubazeka abangu-5%, ababengamasosha abangu-10%, bese kuba ngu-60% wabangama-Afrika. Ukuze konke kwenzeke ngempumelelo, uKaunda uthe ukuphepha komphakathi yikona okusemqoka, wagcizelela ukuthi amaphoyisa abhekana nesimo esinzima lapho kudingeka ahlinzeke ngosizo esifundazweni esikhulu nesinezindawo eziningi zasemakhaya lapho ukuma komhlaba wakhona kwenza kube nzima ukusebenza.

Imizamo yokulwa nobugebengu emingceleni



Ithimba likahulumeni kuzwelonke nasesifundazweni liholwa nguMongameli uMnu Jacob Zuma noNdunankulu uMnu Willies Mchunu ngenkathi kunomkhankaso wokulwa nobugebengu emingceleni phakathi kweNingizimu Afrika neMozambique. / THAMI MKHULISA

Ikhabinethi yesifundazwe inginike umsebenzi wokuhola uhlelo lokulungisa lesi simo - Kaunda

Nosipho Nxasane

UMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uyaqhubeka nokuxhumana nazo zonke izinhloko ezithintekayo emkhankasweni wokulwa nobugebengu obenzeka emingceleni yaleli lizwe.

UMphathiswa uMnu Mxolisi Kaunda ukugcizelele ukuthi isifunda Umkhanyakude,

esisemngceleni neMozambique, sihlaselwe kakhulu ubugebengu lapho kwebiwa izimoto ziwelise umngcele waseMozambique.

"Ngemuva kokuxoxisana nomphakathi waseManguzi, iKhabinethi yesifundazwe inginike umsebenzi wokuhola uhlelo lokulungisa lesi simo. Sesixoxisene nezinhloko ezisemqoka, kuhlenganisa amakhosi nomphakathi wendawo.

"Kukhona futhi uhlelo iBorder Integrity Improvement Plan oselwakhiwe nolusetshenziswa ngokubambisana nohulumeni kuzwelonke. Okusemqoka ngalolu hlelo ngokusabalaliswa

kwamavolontiya angu-40 azoqapha izigameko zobugebengu nokuweliswa kwezimoto ezebiwe, bese kwenziwa ngcono nokutshalwa kwamaphoyisa endaweni. Kuzokwenziwa ngcono nezinhlelo zokusebenzisana kohulumeni bamazwe athintekayo, ikakhulukazi phakathi kwamaphoyisa namasosha angapha nawangale komngcele," kuchaza uKaunda.

UMongameli wezwe uMnu Jacob Zuma noNdunankulu uMnu Willies Mchunu sebeko babiza imbizo nomphakathi waseMkhanyakude ngalolu daba kanti kulindeleke ukuba babuyele maduze bezobikela umphakathi ngokwenziwayo.

Uyaqina umbhidlango wokuqoqa izibhamu ezingekho emthethweni



Ezinye zezikhali ezingekho emthethweni esezike zabanjwa emkhankasweni wamaphoyisa KwaZulu-Natal.

Sibongiseni Thabethe

UMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uzokwethula umkhankaso oseziningi eliphezulu wokulwa nokusabalala kwezibhamu ezingekho emthethweni kulo nyaka wezimali ka-2017/18. Usho kanje uMphathiswa uMnu Mxolisi Kaunda kulandela izigameko eziningi zobugebengu lapho kusetshenziswe lezi zikhali ezindaweni ezahlukeni esifundazweni nyakenye. Ethula isabelo-mali esiShayamthetho, uKaunda uthe phakathi kuka-Ephreli noDisemba 2016 amaphoyisa athole izibhamu ezingu-3 325, kwathi ngoJanuwari noFebruwari 2017 kuphela kwatholakala izibhamu ezingu-717 esifundazweni. Uthe okuthusayo futhi ngokuthi ucwaningo olwenziwe ngo-2016 luveze ukuthi kubantu ababulelwe, abangu-35 wamaphesenti babulawe ngezibhamu. "Lo mkhankaso, ozosabalaliswa esifundazweni ngokusebenzisa amahhovisi ezifunda, uhlose ukugququzelela imiphakathi ukuba ibambe iqhaza ekuqoqweni kwezibhamu ezingekho emthethweni, kuqwashiswe ngobungozi bokuba nalezi sikhali esibulalayo. Ngokusebenzisana nomnyango kazwelonke, sizophinda sibheke udaba lukashwele kulabo abazoletsa izibhamu. Uthe udaba lwezibhamu luyinselelo enkulu KwaZulu-Natal ikakhulukazi njengoba kwaziwa ukuthi yisifundazwe esinomlando wezimpi zombango kanye nodlame lwezopolitiki ngeminyaka yo'80 no'90. "Okunye okuhambisana nalo mkhankaso kuzoba ngokuqapha kakhulu amathaveni, ikakhulukazi angekho emthethweni, ajwayele ukuba nezigameko zobugebengu obunenduluzula. Sizozala sibheke kakhulu izindawo ezidayisa utshwala eziseduze kwezikole kanjalo nezindlu zamasono," kusho uKaunda.

Lizobhekwa kabanzi iqhaza lamakhosi kowokuphepha komphakathi



UMnu Mxolisi Kaunda useke wahlangana nesizwe saKwaMajazi eMsinga ngenhloso yokwakha ukubambisana namakhosi ekudaleni ukuthula. / ZINGISA HLATHI

Manje sesinqume ukuthi kulo nyaka wezimali sizosayina izivumelwano eziningi zokusebenzisana nomkhakha wosomabhizinisi nabaholi bendabuko.

Sibongiseni Thabethe

Uzothatha elinye igxathu umbhidlango wokubandakanya izinhloko ezahlukeni kwezokuphepha komphakathi esifundazweni kulo nyaka wezimali. UMphathiswa uMnu Mxolisi Kaunda uthe kunesidingo sokuba kuqiniseke ukubambisano phakathi kukahulumeni nazo zonke izinhloko zemiphakathi ekulweni nobugebengu.

Uthi uhlabekwe umxhwele ngokusebenza ngempumelelo kohlelo lwezokuphepha oludidiyele, i-Integrated Safety Plan, ngesikhathi samaholide kaKhisimusi odlule. Loluhlelo lube negalelo elikhulu ekwehliseni izinga lobugebengu esifundazweni njengoba amaphoyisa abebonakala ezindaweni eziningi kanti nomphakathi ubonakale uzivikela ebugebengwini.

"Manje sesinqume ukuthi kulo nyaka wezimali sizosayina izivumelwano eziningi zokusebenzisana nomkhakha wosomabhizinisi, abaholi bendabuko nemboni yonogada abazimele. "Sifuna ukusebenza nama-chamber of commerce ekulweni nobugebengu, ikakhulukazi emadolobheni ayizizinda zomnotho lapha esifundazweni okuyiTheku, uMgungundlovu neRichards Bay,"

kuchaza uKaunda. Kubaholi bendabuko, uKaunda uthe amaKhosho kudingeka abambe iqhaza elibalulekile ezinhlelweni zokuphepha kwemiphakathi ayiholayo. "Sifisa ukubonga futhi ngegalelo iSilo samaBandla esesilenzile ekudaleni ukuthula esifundazweni lapho besihamba phambili ezinhlelweni zokuthula njengasemahostela eGoli naseThekwini.

"Namhlanje sesingasho ukuthi uMnyango wezokuPhepha koMphakathi, iHhovisi likaNdunankulu noMkhandlu weTheku, sesihambe ibanga elide ukuxazulula ukungqubuzana emahostela eThekwini. Nakuba lolu hlelo luba nezihibe lapha nalaphaya, kodwa namhlanje emahostela eGlebe naKwaMashu isimo sesingcono kunangaphambili," kusho uKaunda.



"Sigxilisa amandla kubantu ukulwa nobugebengu."